# UMHWEBI WE-VAT WASE-KZN UGWETSHWE IMINYAKA EYISIKHOMBISA NGOKUKHWABANISA I-VAT

**Pretoria, 12 kuNdasa 2019 -** Inkantolo kaMantshi yaseThekwini ngoLwesine olwedlule inike owesifazane waKwaZulu Natali okhwabanise imali yakwa-SARS engalinganiselwa ku-R 4 million isigwebo seminyaka eyisikhombisa evalelwe ejele.

UNksz. Saraspathie Vallee (47) wase-Chatsworth, ongumnikazi wenkampani i-Gutterpride Trading, ulivumile icala lokukhwabanisa intelantengo kanye nokuphula uMthetho wokuVimbela ubuGebengu Obuhleliwe.

Lesi senzo usenze esebenzisa usizo lwe-eFiling lwaka-SARS lapho efake khona isicelo sokubuyiselwa i-VAT yenani lika-R3 972 814 egameni le-Gutterpride esikhathini esisodwa sentela ngonyaka wezi-2014 kanti abakwa-SARS bahlinzekwa ngamadokhumenti omgunyathi okusekela lesi sicelo sokukhokhelwa. Abakwa-SARS balinciphisa leli nani nokuthe emva kokususwa kwezintela ezazisilele inhlangano le yabe isibuyiselwa inani elingu-R2 484 683.75.

Ezinsukwini ezimbalwa leyo mali ikhokhiwe ku-akhawunti yenkampani, uVallee wadlulisa izimali eziningi zisuka kule akhawunti.

UVallee uwavumile amacala amabili ngokweSigaba 112(1)(a) soMthetho weziNqubo zoBugebengu. Inhlangano i-Gutterpride yahlawuliswa imali engu-R100 000, okuyisigwebo esilengiswe iminyaka emihlanu.

Njengoba izinjini zokuqapha ubungozi kwa-SARS zithuthuka, sizoqhubeka nokwenza ukuthi abakhwabanisi be-VAT babhekane nengalo yomthetho, ukuze sivuselele ukwethembana enhlanganweni yethu, sinikeze namabhizinisi indawo enobulungiswa yokwenza ibhizinisi, futhi seseke umgomo wethu wokuqoqa imali yombuso.